Dkt Zweli Mkhize
UNdunankulu waKwaZulu-Natali

ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

Mnuz TW Mchunu
UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumana uMphakathi

INGQUGQUTHELA YESIFUNDAZWE

Ngingu-Willies Mchunu, uNgqongqoshe wezokuPhepha nokuXhumana koMphakathi KwaZulu-Natal. Emizamweni yokuqhamuka namasu angasetshenziswa ukunqanda ukubulawa kwamaphoyisa, singuHulumeni wesifundazwe oholwa uNdunankulu uDkt Zweli Mkhize sizobamba ingqungquthela yesifundazwe ezobheka ngeso elibanzi izinkinga zokubulwa kwamaPhoyisa.

Le ngqungquthela izobe ihanjelwe ngabaholi bamaphoyisa kuzwelonke, esifundazweni, abamele ama-CPF kanye nazo zonke izinhlaka ezilwa nobugebengu neziqinisa ukuphepha emphakathini. Ngale ngqungquthela sihlose ukuqinisa nokujulisa umnyakazo wabantu nazo zonke izinhlaka ezithintekayo ekulweni nobugebengu nokubulawa kwamaphoyisa.

Le ngqungquthela izobe ibanjelwe e-International Convention Centre eThekwini mhla zingu - 16 August 2011 ngo-08h00 ekuseni.

KwaZulu-Natali – Masisukume sakhe Umgqigqo Wabantu Wokulwa Nokubulawa kwamaPhoyisa